ISIDUMBU SENTOMBI YOMUNTU ENDHLINI YOMLUNGU.

UMr. Jacob Tabete, epekezelwa uMr. Thomas Tabete umfowabo, bebe fikile Ohlange, beze kobikela uMongameli uDube, indaba yesifo seudolakazi yabo eyafiewa isisidumbu endhlini yezimpohlo ezimbili zabelungu ngase Noodsberg.

UMMELI.

Ngenxa yobupofu sekuze kube uamhla laba bantu bengenaye ummeli obabhekele endaba enje, uDube ngezincwadi ezifika kuye zetembisa usizo nxa kutolakale ummeli, unike oMessrs. Tabete, oyise bomntwana, igunya lokuba baqashe ummeleli, ahambe kona manje ahlolisise lendaba ebuhlungu.

Ningangenzike bakiti ningishiye odakeni. Kukude eNoodsberg, kukude kwa Mapumulo lapo ummeli eya kohlola kona indaba. Pho, nani nibazi abameli izindhleko zabo.

Kuqashwe uMr. Dickinson wase Verulam.

IMALI.

Bonke abanikelela loludaba abaqondise ku JOHN L. DUBE, PHOENIX, NATAL.

Amaposta orders ningawabhali ukuti ayokokwa ePhoenix. Abavumi ukusinika, akokwa eDurban ngako uPhoenix ningambhali.

Abase Noodsberg nase Sidunjini bebefanele benze umnikelo wemizi yakubo uze seuyisigaxa.

"Ilanga"—Lipuma masonto onke ngelweSihlanu.

Inkokelo.—Osheleni abaishumimantatu ngo nyaka wonke Ikokwa kuqala. Yonke indawo tibiza le mali.

Ukulinqamula.—Nxa umuntu efisa ukuliyeka masazise nga pambili, nxa etule uyalibiza.

Ukutunywa Kwemali.—Mayitiwe payable to Rev. JOHN DUBE ngeCheque noma Money Order wePosi, incwadi equkete yona itiwe registered Izitembu asizifuni.

Izincwadi.—Maziqondiswe ku Rev JOHN DUBE, OHLANGE PHŒNIX, NATAL.

UMhleli azi miscle ukutwe swa icala ngoku bhalwe ababhaleli kupela oku lotshwe nguye.

"ILANGA LASE NATAL"

OlweSihlanu, October 8, 1915.

Ngokulima

Sike sabona into enhle lapa abe Komiti le Nhlala-kalukuni emhlabatini wase zikoleni, liya lingquzula umPati we Ndaba Zabantu, eza nomlungu owabe ecelwe kuye ukuba amtumele pakati kwenhlangano eyabe ihlangene ngoJuly 26, emzini wabantu eTekwini Akutolakalanga luto kakulu ku lowo mlungu, ngoba wati loku elidhliwa uyena uqobo lwake, lokuveza udaba kubantu, wabuya waba umlungu ongajwayele inhlabati yalapa elwandhle: ngaloko waba butu ntu ezintweni ezazifiswa abantu balapa. Kepa sasitemba ukuti kwabe kulusuku lokuqala lokuba kuza ubuye kukuh kule, sizwe okunye. Sikona isicelo pakati kwezinningi esabe sifakwe abantu soguti uHulumeni kekekelele abake emazweni asezikoleni, abe lekelele ngokuba sondezela umquba wabelungu bavundise izindawana abazilimayo. Lesi sicelo sasibandakanywe nesokucela amandhla okulima, njengoba uHulumeni abatengele izinkomo kumbe izimbongolo. Se uke wapinda umhlangano wahlangana emva kwaloko, kepake loku, izindaba zawo azibanga inala namhla, asiqedi ukuti uHulumeni watini kulezi zinhlamvu ezabe ziletwe pambi kwake. Pela nongabe isicelo saliwa lesi somquba kungaba kuhle ukuba kungatulwa, kepa lipendulwe ngalel'ozwi angapendula ngalo. Siyezwa kubefundisi ukuti kapenduli wenza lozo abakucelayo. Po uma kukona abakwaziyo ukusengwa kwaleyo nkomo kungeyiwe yini kubo baye kuyindundulula imali eseyanqwabeleka komkulu. Kasilitati pansi lelizwi silitola emlonyeni ka ye umPati we Zabantu, mhla epakati kwenhlangano ngo July 26, lapa ati abefundisi safika bacela ukuba bahletshuleiwe £250 emalini elucezu olusala kwa uHulumeni lapa se idatshulwa imali yamazwe asezikoleni. Uti umPati bayinikwa nje leyo'mali kwaku ngaqali ukuba benzelwe abakufisayo; ngoba noma yini nanini, into abake bayicela kwa Hulumeni bayenzelwa, akubonange kuze kwaliwe uto abalutshoyo. Kasibonganga tina izwi lake umPati we Zabantu lokuba ati ngoba ezwa abantu beti mabelekelelwe besho emalini eningi ehleziyo, kepa yena apendule ngelibuhlungu lokuti izikweleti zayo leyo mizi zikulu komkulu imali abayikoki kahle abantu. Kavumanga ukusho ukuti ingakanani imali esesandhleni komkulu kulo lucezu uHulumeni ahlepulele abefundisi kulo £250, wapuma ngezwi lokuti isandhla sokuyazi sise Pretoria. Siyazi ukuti uhlangoti lwalemali olungaku Hulumeni alukusebenzi kakulu lona, ngoba umsebenzi esesi ubonga wamadipi mhlaumbe kaubizi kakulu. Ngaloko ingeze yaba ingezana imali esezandhleni zakomkulu yamazwe asezikoleni. Loku le mali igcinelwe ukuba ipakamise abantu. Siti kungaba imfanelo ukuba umhlanganoomiyo wabantu ubuze umumo waleyo 'mali abantu bayazi. Noma ababheke lezi zinto bayakwenza kabakwenzi yini loku asqondi ngoba izindaba zalemihlangano azivezwanga obala ukuba zaziwe abantu ababikelwa ukuba baze babe kulenhlangano. Sasinelikulu itemba lokuti kuvela inhlangano yabantu yokulima, siti abantu bapemba uto lwabo lokuba bavezelane amasu okusebenza, batole isituuzi ngokuba inhlangano sokuba bahambisane naye uHulumeni kuzo zonke izinto ezizakubanika amandhla. Kasiqedike lapa sekuyiwa kona, ngokuba seside sizwa ukuti "Mina sengiza kulima ngiti ngiti" asisezwa ukuti icebo letu liti liti, njengokusho kwendaba pansi. Yebo, kambe kasisho ukuti ukuhlangana kupeliile, kepa siyapumputa ngokuba izindaba kasizizwa ngamuntu zokuhlangana kwamazwi, noma inqola isahamba, noma isipani sesihlakazekile, noma sibhajiwe, asazi. Noko sitemba okuhle ukuti siza kuzwa okuhle.

Amantombazana angangile

Charles J. Gumede:—Indaba yalawo mantombazana ingabanhle ivezwe kubefundisi lapo, bake bakulume nawo bona. Kungeze kwawasiza ukukuluma ngawo lapa epepeni.

Francis Xulu:—Indaba yako yokuba ube ufuna ukwazi lapa imali ingatunyelwa kona. Nango uMafuzela, tumela kuye.

USatan Namakolwa.

Lendoda iyamlinga kakulu umuntu ngezilingo zonke enazo, kodwa nasi esinye esingavami ukusala, kuSatan:- "Uti uzo kuya eSontweni kumakaza nje ?" "Ingani futi unomkuhlane naku futi ulime kangaka izolo !" Ikolwa: liya lingeka ngatamazwi licishe lihlale kodwa lipikelele ukuya kona eSontweni; uSatan futi usebona ukuti uyehluleka ukulihlalisa uti, "Po utatazelelani wena na ? Yenza kahle nje, aubheke nezicatulo zino daka awesule izicatulo, musa ukugqoka lelibhantshi alifanele kipa leliya." Kanti sonke les'sikati ekomba loku nalokuya. uquba isikati kona uzotika sekushunyayelwa, bese ungena ushaya kakulu endhlini uyoketa ezapambili izihlalo upazamisa abalalelayo. Selipakati ikolwa, uzosondela un'kunz'malanga akupulule kahle emhlane beseke nawe ulalela, njengekati lipululwa umuntu selide liti mhimhi amehlo seliwa ucipisile, ede eti, "akuloke leo, leloke yilo, leloke pika," naweke kolwa usude uvumisa okwekati njena lipulula; ngoba kumnandi ukupululwa loku. Uzoti uzwa bese ute zwi obumnandi ubutongo, beseke inkunzana isingenela omunye osecale ni naye imeuze leso, bese kufana nokuti awuzange uye eSontweni, ngoba awazwanga luto, oku ukuti unqobile ke ekugcineni yena uSatan.

ISIKATI SEZITELO.

Kuliqiniso ukuti izisu ziyavama ukukataza ngesikati lapo abantu sebedhla izitelo. Ngakoke kufanele ukuba uzilinde ngegabha lika Chamberlain's Colic, Cholera, ne Diarrhoea Remedy iihlale lise duze. Lingakusiza empini weni yako. Utengiswa yibobonke

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

NgomSombuluko weSonto elidhlule uGeneral Botha, uhlanganise unyaka wamashumi amahlanu nantatu ubudala bake, kungako siya bona ukuti ungu Falaza.

—:o:—

Kusihlwa ngolobune oludhlule umuntu omunyama wanyatelwa isitutuu eduze kwesiteshi sesitimela eTekwini. Ute esayiswa esibhedhlela wayalela endhleleni.

—:o:—

Litc icala lalowo mlungu oweqa nentombi eTekwini, wabanjwa eGoli, like langena ngesonto elidhlule laze lahlehliswa.

—:o:—

U Mashingana Mhlongo ka Bashise wakwa Dukuza uboshwe iminyaka emibili eTekwini, ngokuba ahlaba uNdhlebe ngomkonto emzini wake, kona lena esifundeni sakwa Dukuza ngo July 18. Wamtshaya wamjuqula umtambo, wopa waze wafa. Isisusa sendaba kwaba ukupambana ngamazwi nje.

U GQAINYANGA

Ngike ngati ngise Tekwini ngomgqibelo kusasa ngati izinyawo mazingiyise kude buduze kwesiteshi sesitimela ngike ngibone abaza ukwehla nabaza ukwehla. Ngabe ibala ngifike ngaliketa malunga nendhlu eqaqele amavinkili okumi indhlu yendali ngase ningizimu kwayo. Ngawapa ke amaqapelo, kwasho isimame. Wc sabetula abaqamuka inxa zonkana. Kanti sibatwele nje kukona namakolwa abantu abanomusa kakulu. Ahle abonane, awagqisha kuso kanye namanye ab'andulele lawo, abhozomelane kube nje; exaulana njalo.

Ngakutanda kwaba songati nalawo akelene emakaya angabe enamelana kanjalo, songati angabe kawahlalelene ngezingubo.

Ngijabha ngoba ngibona nabefundisi bexabana qede babuye bapatelane izikuta. Angisho loku ngokuba ngihloniza ngako; futi akusiko okwabamnyama bodwa, nabo nje abamhlope banayo lensila. Yahlukanani nina nayo ngoba umFundisi omkulu wati "Tandanani, ngoba nginitandile."

Ezempi.

Pezu kwokuba kusahlezi kungagamukile ngomlomo ukuti abase Bulgaria baza uvunabapi, noko sekuzwakele ukuti izinduna ezikuza amabuto namhla izona zamaJali kanye nezama Austrians.

o o o

Sizwa ukuti isizwe sona siyazaluna namaRussia, bagazilinye; kepa inkosi yakona uFerdinand uliJali. Kakuqondakalike ukuti kuya ucuma yipi inhlamvu kufekele yipi kuloku.

o o o

Kepa futi sizwa ukuti inxa abase Bulgaria bevuna amaJali, abase Greece nabase Rumania baya uvuna amaNgisi kanye nazo lez' izizwe ezivunana nama Ngisi.

o o o

Kaukaziwa umkaulo ukuti upi pakati kwezizwe zase Europe, lapa kuya ukaula kona ngezizwe ezingangeni kulempi. Sekutanda ukuba kube sijingi nje kulo lonke elise ningizimu yakona. Ngokuba uma lezi zizwe zingena kulempi sekuyakuba kutiye ngesase Switzerland kambe isizwe, impi elwela emnceleni waso. Hayike lawaya elase Spain nelase Portugal.

o o o

Kuloku kusukelana kwayo okusha kakutolakali lapa amaJali ehlab'umxwele kona, loku aseyixoshe ayixosha eyamaRussia kepa sekuzwakala ukuti sekulukuni manje seku iwona ahlehlayo.

o o o

Ngasentshonalanga ngalapa kukona amaNgisi namaFrench sesizwa udumo lwamandhla kambaimbai wamaFrench osahlula owamaJali, ngangoba asehlehliswe kaniningi ezikanisweni zawo amaJali.

o o o

Ati lapa amaJali edubula ngogesi lowo obulalayo abauhelile kwavuka umoya wapenduka wapepeta ugesi wapindela kubaniniwo; wabalimaza.

o o o

KuleliSonto elidhlule imikumbi yamaJali eshumayo ibulale imikumbi esitupa pakati kweyamaNgisi efikile emazibukweni akona yahamba imikumbi e 1387.

o o o

Selufikile ucingo oluncoma ukufinyelela kwamabuto amhlope asuka lapa Luti kufikeni kwawo eLondon anenga'

Imfundo Yabantu.

Kolunye uhlangoti lwalo lelipepa kukona isaziso esifakwe ngu Rev. A. Mtimkulu, ongu Mmemi wenhlangano yemfundo eyakuhlangana ngolwesibili eMgungundhlovu, Oct. 12.

Siyatanda ukuba bonke abantu bezwisise ukuti uyini lowo mhlangano; uqondeni futi pakati kwabo.

Inxa siqalaza pakati kwezizwe ezimhlope, zona kutekelwa imfundo kuzo, sifumana imfundo izinhlobonhlobo. Sibona leyo yencwadi; leyo ye Bible, leyo yomsebenzi wezandhla yezinhlobo ngezinhlobo. Ofunde ukubaza kakwazi ukucindezela izincwadi, njalo nokuningi.

Nalapa pakati kwetu kuya ngokuya kuti kube kukade kubukeka nje ukuti umntwana ufundile inxa ekwazi ukupuma aye ukufundisa abanye, manje kakusadelisi loko. Usefundiswa wona umsebenzi wokufundisa.

Kulomhlangano kuya ubhekelwa abantu imfundo ebizwa inhlalo yanamuhla efunekayo, eyakuba lusizo kulesi sizukulwane nakwesizayo; ngoba akufanele ukuba abantu babukele okwanamhla kupela.

Kuyasijabulisa kakulu ukuba uMafukuzela, umuntu okade abe ekwalusa ngenhliziyo okufanele abantu, ukuzwa ukuti ukunqumile enhliziyweni yake ukuba aze angaputi kuwo. Sitemba kakulu ukuti nommemi wawo, umuntu ose ipishekele kakulu isikati eside lendaba uyakuba namandhla okwelekelela ngasohlangotini lwabamnyama kuMafukuzela.

KU MHLELI WE "LANGA."

Ngicela isikala esibanzana, baba, kulo eletu, kengipefumule. Ngiza kona kodwa, ngoba ngizauhlanganisa izindabandaba.

Ngicela ukuba kengiqubeke ingcozana ngomhlangano wamaLutheran owawuseMpumlo ngo 22 kuze kube 25 Aug., 1915. Ca, seku izwibela nje, bafundi bamapepa'zindaba. Ngixox' ubuningi bebandhla lika M. Luther manje. Sasi qede 2000 owase Church waye munye kupela, wena owafunda iziprofeto, ngengwe necwane ndawonye. Ubuhle bendhlu, umusa wabafundisi, ukudhla, inyama kitina makati nje, tula.

Njengenikwaziyo ukuti ama 'Nokana, 'qa namhla seku iNorwegian M. Society usho nawe kugcwale umlomo. Ungeke uwele uTukela ucinge ezona zikole ziqata, wafica ku iNorwegian, akubuke ku lentaba itiwa Isibulazi wobona kumhlope amagquma izakiwo, ukuyofuna ikolishi elipambili kwa se Natal ngingati yana eUmpumulo Training. Uma ufika ezinganeni zesikole ungati kubutwe naba ngapandhle kanti abasekaya bodwa. Uma ufika kona, ungafumana uMongameli, uti qa, asuye lo owenza loku, aka bonakalisi nje ngobuso nangamazinyo, ubonakalisa ngezenzo lapa inkani ikona.

INDABA YESIDUMBU ENDHLINI YENYE INDODA NIYENZE NJANI NA?

Izweni siyilindele nzima ukuyizwa. Anomshayela ihlombe umuntu nxashane esina kahle niya muzwa nje uMr. M. M. F. Kulo lika 10-9-lo, ngoHULUMENI NEMITETO EHLUPAYO iqinisile leyondaba uHulumeni lo ufunani ezindhlini zetu na? Imiteto okusa ibekwa yoze iye igcinepi? Soyitwala izengabisavuma.

Nokupakama muva. Imbala nake nasi buzela nje kuHulum eniendabeni yezinkomo na? Amadipu lawa ayenzelwani na? Sisho ngoba nanamuhla kaloku kazika hambi izinkomo pakati kwezwe lapa, po, yini etelelwayo na? Izingane zifuna amasi izinkomo yini zivimbe no Hulumeni, iDipu likona. Nginezin kabingifuna ukulima, azinakuza kwala uHulumeni. Uqonde ukusiza bani kuloku na? Uma zifa lapa, po yini kungavinjelwa ukuhamba kulezo ezifayo zodwa ziyekwe ezingafi?

AMALOBOLO NEZIPO KUMHLUPA NGANI

Amacala amangaleneyo abahlaulisa yini iningi labo abonayo na? Nitini nina baholi betu, ngalezi izindaba na? Mushayeleni ihlombe no Mr. M. M. Gumede nimzwile njena na? Kodwa kupehlwanani le engavumiyo ukupela komhlope nomnyama na? Nitini ma Christu na? Anikatandazi ngokwaneleyo. Sala Mhleli, ngizwe ubiza um numzane wase Sub Nigel, uti akazi lete izindaba ngacabanga, ngati mhlaumbe ungatanda uma kesikulume esikubonayo nesiku cabangayo.

P. M. LANGENI

Isaziso

ESIBUKALI.

Bonke abantu, kakulu abaseTekwini, bayamenywa ukuba baze babe semhlanganweni oyakubaseZihlabatini ngolwesihlanu, October 15. Uyakungena ngo 6.30 kusihlwa. Akungenwa ngamali. Umnikelo uyaucelwa endhlini.

Izindaba : Eziya emPakatini.
Ezibe zixoxwa eNewcastle.

Abayaukuluma : UMafukuzela beno Rev. W. J Makanya.

F. M. XULU,
H. S. NKWANYANA.

Kwabafunda i"Langa."

(NGU M. M. FUZE.)

Bandhla lakiti, loku tina esifunda lelipepa i"Langa," sesisizakele sesifana namadoda akiti endulo ay'ehlala ebandhla ote isitangamu lapa exoxa izindaba, esiti-ke tina namhlanje yilo i"Langa" leli. Ngicela ukuba keningipendule kuleli engihleze ngilinxalozela ngingalikulumi namuntu, ukuti: „AmaBaca lawo akwa Madikane enziwa yini wona ukuba aqambe umkuba omkulu kangaka ongenziwa zinhlobo zonke zakubo—ukudebeza ubuso nomzimba wonke, kutiwe kukitsha igazi elibi, nokuba ahambe bunqunu njengezikundhlwane?

Ngilibuza nje lelo, madada, ngimangaliswa ukuba ngazi ukuti amaBaca ngawakwa Zulu impela ngokuzalwa nangesibongo sakona kutiwa "Zulu," nabo abakwa Zulu bayavuma. Po umkuba wamaBaca uyapika, uyawahlukanisa uya ku Zulu—ngoku hamba-ze, ngensila, nobunuku bokungagezi umzimba nezitsha, nokuhamba-ze indoda ingabhincile. Ake nibheke amaCunu, uQwabe, uKanyile, uSibiya, uMtetwa, uMhlongo, nazo zonke izizwe ezi uZulu. Niyawabona pela namaXosa lawaya, kodwa ahlukile nawo ku Zulu ngokungabhinci, ingati isona sizwe pela esikulu—abaNguni, engize ngisale sengicabanga ngiti, inxa ngibona amaXosa enqunile nawo, ngiti, kumbe ngā ku umkuba wezizwe esezakupukela kwelas'entshonalanga yini, angazi.

Ngibuza ukuti kwenziwa yini ukuba abantu bahlukane kude le nomkuba nesimo sakubo; ngiyamuzwa nalo'mfo wetu ose indikinyane, umfo ka Ndimundwane; angimangali kakulu ngokunquma kwalaba baka Mkalipi ka Nombuya ikona ngizwayo-ke namuhla ukuti ngabakiti impela tina'maNgcobo; sonke sasinquma yona indikinyane endulo, kodwa wabuya wayekwa lowo'mkuba kwasekutiwa umntwana kayiswa esibayeni mdhla izulu licwatile lingena'fu; angeniswe qede asikwe emnweni ngapakati kwope, ab'es'ekotiswa ingazi yake, ingazi iyopele ebulongweni; sike isimame sonke esilapo simemeza siti: "Leba, leba, leba!" Umntwana abuyiselwe endhlini. Lapa ngiti-ke umkuba wamaBaca wahlukile impela emikubeni yezinhlobo zakwa Zulu, engitanda ukuba kuvele indoda etile ingitshele ukuba kwenziwa yini. Futi ngijabula kakulu ngoba sebe baningi aba amaBaca esifunda kanye nabo lel'ipepa abangahle bangitshaye enhloko masinyane. Ngibuza ukuti, baze bati bedhlala ngomzimba kangaka nje, kwakwenze njani?

KuMHLELI WE "LANGA"

Mngane,—Uhambo luka Mf. Makanya no Mr. P. Gumede.

Sasuka lapa ngaseningizimi ngo Sept. 22 saponda eMzinto, ebandhleni elisetwe ngu B. Sabela Mmvangeli wakono. Ibandhla lase libutene inkoliso abesifazana, indhlu yesonto igcwele nswi safika iskole sigcwele naso. Sapuma ngo 2 o'clok ibandhla latokoza kakulu.

Amabandhla afanele ukujabula ngakwenzayo ukutenga indawo nokwaka indhlu eMzinto, enza into okuyona ifanele ukwenziwa amabandhla; muhle umsebenzi wase Mzinto kakulu, upetwe futi Umvangeli opapeme uSabela. Sadhlula ngakusasa 23 saqonda eHigh Flats, satatwa amahashi sesiqonde kwa Nhlalwane. Pela kona sasovula indhlu ye Sonto; nokwenza isidhlo seNkosi. Safika kushone inkosi uBhekameva ka Xabhatshi: wakwa Cele. Indoda leyo sesi yibonisile e"Langeni" kwabe sekuyaputa ukuvula indhlu yesonto.

Ngomgqibelo kwasetshenzwa umsebenzi omangalisayo wokutshala inkosi abantu bezinkulungwane lapa kulahlwa inkosi yabo. Isililo asisabi njengakudala lapa kwabe kucetshwa uma kun enyezwe, kwakutule kute nya. Kute lapa esekitshwa endhlini, bati lapa bekala aodade wabo umfowabo wenkosi wati "Musani ukumtela ngezinyembezi."

Inkosi uBhekameva ibine skole sabantwana bayo bodwa sifundela kona komkulu utitsha Miss L. Ntuli ka Makulati wase Denver Zoar. Bonke sebekwazi ukuzifundela nokuloba: izikole zi se zimbili nje. Sikona esikulu esipetwe uMf. Bunker sakwa Hulumeni utisha waso Miss Shangase wase Tafamasi.

Ngesonto agcwala amakolwa kwenziwa isidhlo se Nkosi.

Ngomsombuluko sadhlula sa qonda eSt. Faith (Vete.) Lapo sasolungisa kona ngoba ibandhla se loku la xotsha umvangeli uA. Jali futi ibandhla lapata kalukuni uMongameli walo ngokume yisa nge zinto eziningana.

Hai sifike ibandhla laba nomoya omuhle lakwamkela konke ukwelulekwa.

Into ebe luhlupo kona ingoba utisha uA. Sivetshe engenandawo ahlala kuyo se loku kwa mka inkosikazi ka Mseleku kona. Wa e wahaukelwa inkosikazi endala iyakubo kwa Cele Emqangqala yazo mhlalisa ukumgcina. Saba nenkulu inkulumo ukumlungisela indawo kanye nama Joyce Bros. noma engazinakile ezokusonta kepa eze eskoleni bazi nakekele kakulu ngenxa yezingane zabo ezifundayo.

Sazama kakulu ukuyilungisa nakumfunela kahle ukulondeka, kwatokoza kakulu unina namadodana kaJoice ukuxoxa nabo into eyasitokozisayo amadodana abonakalisa ukuba ayahlonipa unina umame wawo uyinto enkulu kuwo.

Sadhlula kushona ilanga sesiqonde kwa Dwetshula School, lapa kukona umvangeli Q. Mseleku. Saneta kakulu ebusuku saze safika ngo 9 o'clock sesifana nezinkuku nje sihamba siwa kumnyama, sahlupeka kakulu kulobo busuku, noko safika endodeni uMseleku wasibasela umlilo omkulu sota satola i tea salala safudumala.

Kusasa, Sept. 28, yagcwala indhlu yeSonto noma lali makaza lina, saba nomsebenzi omuhle kakulu kona.

Kwangeniswa aba u 10 ebandhleni abantwana 8 ababatizwayo ngolwesitatu September 29. Sabonana nombheki umfundisi Bunker. Sadhlula ngo 29, saqonda kwa Mehlomunyama, sekumuzi omuhle watafundisi sebe uhlaziye kakulu umuzi wabo ngobunono.

Sadhlula ngezimbhongolo saqonda ePort Shepstone, salala ku mfo ka Yenge uJoba Ciliza, Etshemahlamvu Wasilalisa kahle kakulu safudumala.

Sadhlula ngo 30, saya eSayidi ePort-Shepstone, sakwela emini sasesibuya safika eTekwini.

Kwabohlanga Lwakwa Qwabe

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane,—Ngicela kuwe ukuba ungifakele lamazwana epepeni lako angemangaki. Ngibuza uNqeto inkosi yakwa' Qwabe, ngiti, konje angiti nguye okwati uba kudhlunge izimpi zika Tshaka wemuka kwelakwaZulu, ebale ka nempi yake wahamba neno waze wa dabula kwa'Stebe lapa, waqonda ngas' emKambatini, ehamba enza izivivane ngamatshe wadhlula wadhlula njalo ehamba enza njalo, waze wafinyelela eKoloni; ngiti konje ngu'Nqeto lona akusiye yini umfowabo ka Pakatwayo ka Kondhlo inkos'edumileyo yakwa' Qwabe na?

Ngibuza izivivane, ngiti, zitini, zenzelwani, loku ngibona wonke umuntu eti uba afike esivivaneni acoshe itshe pansi, alipumesele ngamate qede ab'ese liponsa kuyo inqwaba yamatshe leyo na? Ngiti kukonjwani ngesivivane lesi? Yona inkosi lena yasenza ikombani ngaso na? Ngibuza nje madoda izivivane lezi mina ngizizwa endulo kepa kulezi engizaziyo, nami sekukaningi ngiponsa elami itshe kuzo, ngoba ababehamba nami babengilueka beti, ngingabokuti ngidhlule ngingaponsanga funa ngehlelwe lishwa elitile.

Ngibuza izwe sika Nqeto ukuba sipi namhlanje, nokuti sipetwe ngubani, kuyipi indawo?

Mhleli, kuhle ukuba sixoxe sonke siqondisane ukuma kwetu, ngoba mina sengibone kwangikanyela ngawo omabili amehlo, ukuti kade sifihlelwe nje kanti yiti laba abakwa Israel abahlubuka umbuso ka Rehoboam umzukulu ka David Ake niqapele, mhlawumbe ngangiyaposisa,, nami angazi. Nginxusa abakwa Kuzwayo ukuba bangi kanyisele nabo.

M. M. FUZE

[Kanyisa mfo ka Mlawu Mr. James Kuzwayo sizwe—Mhleli.]

KU MHLELI WE "LANGA"

Angivami ukukuhlupa ngokufaka izindaba epepeni letu i"Ilanga" elidumileyo. Ngiti ake ngiti fahla ngengikubone ngiya eMatikulu. Ngibone amakolwa avukile ayalima, kupambana izipani zezimbongolo, ngati mina yini lomise kangaka na, bati babo, mtakababa ngeke lilime lingana, po, nihloseni na [illegible] lose ukuba liyana sesitshala umbila abanye, nomoba. Mina [illegible] yeboke madoda imvula isinibamuzele madoda, imimango isibomvu ukulima. Ngabona ukuti kanti akuseko nokuti kukwa Zulu, abantu babange pambili, sengibona nabantwana besikole bebaningi, bepuma esikoleni.

Ngivumele Mhleli ngime, angiqondile ukuqed'indawo epepeni lako, ngixoxa engikubonileyo, ngati kuhle kengixoxe kwabanye esifunda nabo 'Ilanga'.

M. Z. MZIMELA.

KU MHELI WE "LANGA."

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako elidumileyo, ngifisa ukubonga ku "Ndaba-Zabantu" ngendaba yake enhle asixoxele yona ngokuvela kwesilungu kulom'hlaba wakiti. Yizo lezike esizifunayo tina-botina nje. ukuba sizizwe, loku sesibona nje ukuti kungati kaloku seliya ngomtsha-wendoda zonke ebezifihlakele seziqamukile, sesibona nje ukuti yetshe-tshe, naku-ke ekade sikufuna ukuba sikwazi, okuhle okumunandi futi kiti; ngoba pela asizazi izindaba lezi—ngisho ezintsha nezindala. Linye njeke esengilibuza ku "Ndaba-Zabantu," ukuti imbala uyamazi njena uMjingizane kuleyonkati na?

Ungacunuki Mhleli, "isitole simita ngokupindwa," sobaloku sikuhlupa njalo: kungaba mnandi kiti noma eyiquba njalo u"Ndaba-Zabantu" lendaba ngoba kasiyazi. Ngibezwileke aoMkizwana kaNogumbwa wakwiti kwaTshangase beno Kofiana abatola amagama komkulu ngomsebenzi wabo omkulu wokusiza amaNgisi kuleyo'nkati, ukupela, ngifisa ukwazi nje kuye ukuti uyamazi yini uMjingizane na?

M. M. FUZE

Ukushona kuka Bhekameva.

Lenkosi yama Cele ishonele emzini wayo ngomuhla walenyanga epelile u-September, 19, 1915, umuntu ongumfundisi oyisihlobo segazi owabe ekona ngu Rev. M. Cele, wase'Mzumbe ungumfowabo. Nguyena odabuka upuma umcya. wabe ekona waba usizo olukulu emzini weNkosi ngokududuza kulezi izinsuku kubantwana benkosi.

Usuku loku kwezwa kwake ngumuhla ka 25, September 1915, kona emzini wake kwa Ganuganu okwati ngalo amaCele apelela onke ngamabuto awo nabesifazana kanye namakolwa onke ngoba asekona a 2,000 umsebenzi wonke wenkonzo yokukweza waupezu kwabefundisi bake base Meleka. ngoba okona kuleyo ndawo ngumfu. Eva Y. Mtembu omelela amabandhla ase Meleka. Kwati uba kupelele umsebenzi wokumba itinta loku isizwe sonke sesiliudile, umnawe wenkosi uSizibana wati, kuhle amakehla alande inkosi yawo, loku pela amabuto abegcwele isibaya ehlezi pezu kwamahau. Wati uba ati uNduna-nkulu, ayihlome yonke, yasuka qede inyoni yashaya amapiko ongawaziyo kwati ngqungqu ngqungqu kwa lusizi umuntu wakala yedwa. Asehuba elobukosi asepuma ngesango azungeza eviviwe aze ati uba afike lapa endhlini engasenhla ati gimbici. Asetuliswa kwati kwatalala; wezwakala ke uSizibane, wati amakehla makalande inkosi yawo, awu, antintiza akumula engakumuli, wezwa amanye engunaza eti, hau, sesoze siyelele sonke na? Sobambapi ubona nje. Hiya usho nje lowaya uyagebhezela kazi unedokonyane lokwesabani. Amanye azidela aya nembala amkipa. Indhlu yake euhlaka kwakuyibhokisi lenziwe amakolwa ake limbozwe ngendwangu emnyama wabekwa eduze negodi lelo. Nempahla yake, yabekwa eduze kotango yonke imvunulo nokuyisila yake kwabekwa kwavela inkananhkana lapa sekutiwa omunye ayokwamukela impahla pansi yokumendhlalela. Enqaba onke amadoda enqaba nalawo okwakukulunywe uawo. Babesa ban, we ukuti yehla umuntu wenqaba esegwaliza amehlo esebomvu, abanye bahlembeza, banyenya baya ngemuva nakwesifazane, kwati nya. Abanye bayahlehla, usubona nje nasezimvalweni sebekufuzela kungati kade bekupuka imimango. Abanye sebehlengezela izinyembezi, wati umtaka Xabashe "Hau niyenqaba ukumbela inkosi yenu na? Kwati nya Ati amakolwa tina sesabi ubasho abakwesabayo. Wati futi niti makambelwe ngamakolwa na? Bati "yebo", kusho bonke njalo. Asesondelake onke amakolwa akwa Cele kukona nabanumzane base-Nhlangwini. Owakwa Hulumeni beku uNongqayi omhlope ensababili abamnyama no Messrs Thos. & Will Joyce base St. Faith izitandani zenkosi umufi, ngiyamtusa uMr. Thos. Joyce ngokuzama amahlelelo ukuti kone kwenziwe ngemfanelo, bekukona uMr. Yeni wakwa Deyi no Mr. J. Mnsomi wakwa Cele, noMvangali uMr. Cele no Mr. J. Cele wase Colony baka Wesile abebesesililwen basondela benolwa ngu mfu. Eva Y. Mtembu, umfundisi wesizwe senkosi namakolwa onke, abebekona ngumfu. W. J. Makanya noMr. P. Gumede abebeze ngomsebenzi omunye. Kute uba bavume elinye lali nikeza impahla yendhlalwa pansi babamba futi nesidumbu sekucelwe ngempepo ebusweni abetela ibhokisi alehlisa kahle ngentambo laye lati cababa pansi. Bamangala abesifazane bebona amadoda esesaba ukusebenza isidumbu senkosi eti kuhle kulungise amakolwa babenza yini ukwesaba.

Kwase kupunyiswa endhlini indodana yake ezobusa emva, insizwa esemnyakeni e 20 seitatile, yema ipete intonga yobukosi nesibhamu sika yise, uSizibana wati: Lalelani maCele nansi inkosi yenu esesiyitolile, ekufeni kwale, kapendule opendulayo. Babonga.

Igama lenkosi entsha uKufakwake ka Bhekameva ka Xabashe kaMande ka Dibandhlela.

Kwangena eyenkonzo ipetwe ngu Rev. W. J. Makanya ofunde ngokufa kuka David esela indodana yake uSolomon. I Kings 2: wakuluma ebonisa ngokuyala efunda encwadini eyanikwa inkosi abafundisi base Meleka, washumayela, ebonisa ukuti wayekona naku Dinuzulu wakuluma amazwi oku vusa pakati kwamaCele ebonga futi ngoba kungeko kukuluma kombango. Kwakuluma futi umfu. Eva Y. Mtembu epete ibandhla kona wasekela kubo bonke, no Mr. P. Gumede wafunda amavesi alotshwa eketwe uzukwane epiwayo iBible walinika futi inkosi entsha yalipata kanye nentonga nesibhamu. loku bemi nayo njalo inkosi entsha. kwakuluma uMr. Iona Msomi wafakaza kakulu ngoba nayo ungumWeseli okwa Cele, kwatandaza uMr. Yeni ngamazwi afudumezayo amaProtestany esekelwa ekutshaleni inkosi yawo atandazela ukuba kube kona inhlahla nokutula emizweni sonke. Kwagcinwa ngesibusiso ngu Rev. W. J. Makanya.

AmaCele amangala ukubona isibindi samakolwa ngangoba yati induna: "Bhekani amakolwa lawa anganimbela nonke uma nifa lapa."

Kwanga izibusiso nenhlanhla kungabasiza abakwa Cele.